

Isivumelwano Sokholo



ISABATHA NTAMBAMA

Funda Kuleliviki:

Gal. 6:14; Rom. 6:23; I John 5:11, 13; Rom. 4:1-7; Lev. 7:18; Lev. 17:1-4; Rom. 5:1.

Indimana Yekhanda:

“Kepha ukuthi ngomthetho akukho muntu olungisiswayo phambi kukaNkulunkulu kusobala, ngokuba olungileyo uzakuphila ngokukholwa” (*Galathiya 3:11*).

EMinyakeni elinganiselwa emakhulwini ayisikhombisa ngaphambi kukaKristu, imbongi u-Homer wabhala i-Odyssey, indaba ka-Odysseus iqhawe elikhulu okwathi—ngemuva kokunqoba idolobha lase-Troy kwimpi yase-Troy—waqala uhambo ngomkhumbi lweminyaka eyishumi ezama ukubuyela kwelakubo e-Ithaca. Loluhambo lwathatha isikhathi eside kangangokuba wabhekana neziphapho, ukuvukelwa ngamabutho, izilwane, kanye nezinye izingqinamba ezazimvimbela ekufinyeleleni emgomeni wakhe. Ekugcineni, ngemuva kokunquma ukuthi u-Odysseus wayesehlupheke kakhulu, onkulunkulu bavuma ukuvumela iqhawe ukuba libuyele ekhaya nasemndenini walo. Izinhlupheko zalo, ngokuvumelana, zazanele ukunxephezela amaphutha akhe. Ngomunye umqondo, siyafana no-Odysseus, ohambeni olude oluya ekhaya. Umehluko omkhulu, nokho, ngokuthi, ngokungafani no-Odysseus, ngeke “sahlupheka ngokwanele” ukuzuza indlela ebuyela emuva. Umango phakathi kwezulu nomhlaba mukhulu kakhulu ukuba unxephezele amaphutha ethu. Uma sifinyelela ekhaya, kuyoba kuphela ngomusa kaNkulunkulu.

Ukubuka Iviki: Kungani usindiso lube yisipho na? Kungani kwakumele kube ngoThile olingana noNkulunkulu ongahlawulela imiphefumulo yethu na? Yine eyenza uAbrahama abe ngummeli ofanele wokholo na? Kuchaza ukuthini ukuthi ukulunga “kuphiwe” thina na? Singazenza kanjani izithembiso nethemba ezitholalaka Esiphambanweni kube ngezethu na?

*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, June 19.

Imifanekiso YaseKhalivari

Indlela yeTestamente Elidala yosindiso ngaphansi kwesivumelwano sikaMose ayehlukile kunaleyo yeTestamente Elisha ngaphansi kwesivumelwano esisha. Noma kukwiTestamente Elidala noma Elisha, isivumelwano esidala noma esisha, usindiso lungokukholwa kuphela. Uma bekungokunye, njengemisebenzi, usindiso beluyoba yinto esiyikweletwayo, into uMdali anesibopho sokusinikeza yona. Yilabo kuphela abangaqondi ukuqina kwesono abangakholwa ukuthi uNkulunkulu wayengaphansi kwengcindezi ethile yokuba asisindise. Kunalokho, uma kukhona, kwakunesibopho esisodwa, kwakuyileso esasikweleta umthetho owephuliwe. Thina, nembala, sasingakwazi ukuhlangabeza nalesosibopho; ngenhlanhla, uJesu wasihlangabeza esikhundleni sethu.

“Ngenkathi amadoda nabesifazane bekwazi ukuqonda ngokugcwele ubukhulu bomhlatshelelo owenziwa yinkosi yezulu ngokufa esikhundleni somuntu, icebo losindiso liyogqama, futhi imifanekiso yeKhalivari iyovusa imizwa ethambile, engcwele, enhliziyweni yomKristu. Ukudumisa uNkulunkulu kanye neWundlu kuyoba sezinhliziyweni nasezindebeni zabo. Ukuzidla nomina akukwazi ukukhula ezinhliziyweni ezikhumbula njalo imifanekiso yaseKhalivari. . . . Yonke ingcebo yezwe ayanele ukuhlenga nowodwa umphefumulo obhubhayo. Ngubani ongalinganisa uthando uKristu ayeluzwa ngezwe elilahlekileyo ngenkathi elenga esiphambanweni, chluphekela isono zomuntu onecala na? Loluthando alunasilanganiso. “UKristu ubonisile ukuthi uthando Lwakhe lwalunamandla kunokufa. Wayefeza usindiso lomuntu; futhi nakuba wayenempi eyesabeka kunazo zonke namandla obumnyama, kepha, kukho konke, uthando Lwakhe lwaba namandla kakhulu. Wabekezelela ukusibekela kobuso bukaYise, waze wafinyelela ekukhaleni beminjunju yomphefumulo: ‘Nkulunkulu Wami, Nkulunkulu Wami, kungani ungilahlele na?’ Ingalo yakhe yaletha usindiso. Inani laselikhokhiwe lokuhlenga umuntu, ngenkathi, ekulweni kokugcina, amazwi abusisekile aphisiswa okwakubonakala sengathi amemeza endalweni yonke: ‘Kuphelele.’”

“Imibono yaseKhalivari Ibiza imizwa ejulile. Kulesisihloko uyoxolelwa uma ubonisa ugqozi. Ukuthi uKristu, ebuhleni obungaka, engenasici, angahlupheka ekufeni okubuhlungu kangaka, ethwele isisindo sezono zezwe, imicabango yethu ngeke yakwazi ukukuqonda ngokuphelele. Ubude, nobubanzi, nokuphakama, nokujula, kwaloluthando olumangalisayo ngeke sakuqonda. Ukuzidla ngokujula okungelinganiswe bothando loMsindisi kumele kugcwalise ingqondo, kuthinte futhi kuncibilikise umphefumulo, kucolisise futhi kuphakamise uthando, futhi kuguqule ngokuphelele sonke isimilo.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 212, 213.

Khuleka phezu kwalokho u-Ellen G. White akubhala lapha. Ukhumbula lemisho, funda AbaseGalathiya 6:14 bese uzibuza ukuthi, kungaziphi izindlela engithokoza ngazo Esiphambanweni sikaKristu na?

Isivumelwano Nomhlatsheho

“Nazi ukuthi anihlengwanga ekuhambeni kwenu okuyize enakunikezwa ngawoyihlo ngezinto ezibhubhayo, isiliva negolide, kodwa ngegazi elinqabileyo likaKristu kungathi elewundlu elingenacala, elingenabala” (1 Pet. 1:18, 19, RSV).

Uchaza ukuthini uPetro lapha uma ethi sahlengwa na?

Uma uPetro ekhuluma ngokufa kukaKristu okuhlawulelayo esiphambanweni, umqondo “wenhlawulo” noma inani abhekisa kulo ukhumbuzisa ngomkhuba wasemandulo wesigqila sikhululwa ebugqilini baso ngemuva kokukhokhwa kwemali (imvamisa yisihlobo). Ngokunjalo, uKristu wasihlawulela ebugqilini besono kanye nomphumela waso waso wokugcina, okungukufa, kodwa wakwenza lokho “ngegazi eliyigugu” Lakhe, ukufa esikhundleni sethu ngokuzinikela eKalivari. Futhi, lokhu kuyisisekelo sazo zonke izivumelwano: ngaphandle kwako, isivumelwano siba yize leze, ngoba uNkulunkulu wayengeke akwazi ukubonelela ngokuphelele uhlangothi Lwakhe lwesivumelwano, okuyisipho sokuphila okuphakade asinikeza bonke abakholwayo.

Buka izindimana ezilandelayo: Rom. 6:23, 1 Johane 5:11, 13. Yimuphi umbiko ofanayo kuzo zonke na?

Sinalesisithembiso sokuphila okuphakade, ngoba uJesu kuphela owakwazi ukulungisa umsansa owasenza silahlekelwe yilokho kuphila okuphakade. Kanjani na? Ngoba ukulunga kanye nenani laphakade loMdali kuphela elalingakwazi ukusula isikweletu esasinaso emthethweni owephuliwe—wawubanzi kangako umsansa owadalwa yisono. Nembala, kwakuzothini ngokuqina komthetho kaNkulunkulu waphakade uma othile owesikhashana, odaliweyo ekwazi ukukhoka inhlawulo yokuwuphula na? Lowo kuphela olingana noNkulunkulu, kuye kukhona ukuphila okungatshelakiwe futhi kungokwaphakade, wayengakwazi ukukhokha inhlawulo eyadingeka ukukhulula thina ealeni esasinalo emthethweni. Zigwaliseka kanje zonke izithembiso zesivumelwano; kukanje siba nesithembiso sokuphila okuphakade, namanje; sihlengwe kanje esonweni nasekufeni.

Cabanga ngengane yothile, kwi-art museum, iphonsa ibhelunde eligewele u-ink kumfanekiso we-Rembrandt iwulimaze ngokuphelele. Lomdwebo ubiza izigidi; abazali, noma bebengathengisa konke abanako, bebengeke basondele ekukhokheni lonke icala. Lokhu kususiza kanjani ukuba siqonde ukuqina komsansa odalwe yisono, kanye nokungakwazi kwethu ukuwulungisa, nokuthi kungani kube nguJehovah kuphela owayengakhokha inhlawulo na?

Ukholo Luka-Abrahama: Isigaba 1

“Wakholwa nguJehova; wambalela lokho kwaba ngukulunga’ ” (Gen. 15:6). Lendimana ilokhu iyingxenywe yezisho ezijulile kuzo zonke Izibhalo. Isiza ekusunguleni iqiniso elibucayo lwenkolo yezibhalo, lelo lokulungisiswa ngokholo kuphela, futhi ikwenza lokho eminyakeni eminingi ngaphambi kokuba uPawule alobe ngakho kwabaseRoma. Konke lokhu kusiza ekuqiniseni iphuzu lokuthi kusukela eEdene kuye phambili, usindiso lwaluza ngendlela efanayo.

Ingqikithi yalendimana isisiza ukuba siqonde ngobukhulu bokholo luka-Abrahama, ekholwa esithembisweni sikaNkulunkulu sendodana nakuba ubufakazi benyama bubonisa ukuthi lesisithembiso neke safezeka. Wuhlobo lokholo olubona ubuze balo, uhlobo lokholo olubiza ukuzinikela ngokuphelele kukamina, uhlobo lokholo oludinga ukuzinikela okuphelele kuJehovah, uhlobo lokholo olugcina ngokulalela. Lolu kwakuwukholo luka-Abram, futhi lubalelwa kuye “njengokulunga.”

Kungani Ibhayibheli lithi “kwabalelwa kuye” njengokulunga na? Ngabe uAbram ngokwakhe “wayelungile” ngokomqondo wokulunga kukaNkulunkulu na? Yini ayenza, Kungekudala emuva kokuba uNkulunkulu ethe yena ulungile, okungasisiza siqonde isizathu sokuthi ukulunga kubalelwe kuye, ngokumelene nalokho yena ayejikona na?

Nakuba impilo ka-Abram yayiyimpilo yokholo kangakanani kanye nokulalela, kwakungeyona impilo yokholo oluphelele nokulalela okuphelele. Ngezinye izikhathi wayebonisa ubuthakathaka kukho kokubili. (Ngabe lokhu kufana nothile omaziyo na?) Konke lokhu kuholela ephuzwini elibucayi, lokuthi: ukulunga okusisindisayo ngukulunga okubalelwa kithina, ukulunga esembathiswa kona. Lokhu Kuchaza ukuthi kuthiwa silungile phambi kukaNkulunkulu, nakuba sinamaphutha; Kuchaza ukuthi uNkulunkulu wasezulwini usibuka njengabalungile nabuka Kungenjalo. Yilokhu akwenza ngoAbram, futhi yilokhu azokwenza kubo bonke abeza Kuye ngo “kholo luka-Abrahama” (Rom. 4:16).

Funda abaseRoma 4:1-7. Buka ingqikithi uPawule asebenzisa ngayo uGenesisi 15:6. Khuleka kulezizindimana bese ubhala ngamazwi akho lokho okholwa ukuthi zikusho kuwe.

Ukholo Luka-Abrahama: Isigaba 2

Sibuka futhi kuGenesisi 15:6, siyabona ukuthi izihumusho ezahlukeni zisebenzise itemu ukubalela (Heberu, hasab) noma “ukwesulela” noma “ukubalela” (RSV, NIV). Leligama elifanayo lisetshenziswe kweminye imibhalo ezincwadini zikaMose. Umuntu noma into “ithathwa ngokuthi” iyinto noma ingumuntu engeyona. Ngokwesibonelo, kuGenesisi 31:15, u-Rachel no-Leah baqinisa ukuthi ubaba wabo “ubathatha ngokuthi” bona bayizihambi, nakuba bengamadodakazi akhe. Isishumi sabaLevi “sithathwa ngokuthi” singukolo, nakuba singewona ukolo (Num. 18:27, 30, NIV).

Lomqondo wokuthatha ngokuthi wethulwa kanjani kwingqikithi yemihlatshelo na? (Lev. 7:18, Lev. 17:1–4).

I-King James Version isebenzisa igama ukwesulela ukuhumusha u-hasab. Uma umhlatshelo othile (“umhlatshelo wokuthula”) ungazange udliwe ngosuku lwesithathu, inani lawo laliphela, futhi ngeke “ubalelwe” (Lev. 7:18, NASB; Hebrew, *hasab*) kulowo obewunikela. ULevitikus 7:18 ukhuluma ngesimo lapho umhlatshelo “ubalelwa” ekuzuzeni kwesoni (qathanisa Lev. 17:1–4, NASB) esima phambi kukaNkulunkulu ngokulunga. UNkulunkulu ubalela isoni njengesilungile, nakuba sona singalungile.

Thatha isikhathi ugxile kuleliqiniso elimangalisayo lokuthi thina, ngaphandle kwamaphutha ethu, singabalwa njengabalungile phambi kukaNkulunkulu. Bhala ngamazwi akho ukuqonda kwakho kokuthi Kuchaza ukuthi lokhu.

Iqiniso elikhulu, lelo lokubizwa ngolungile, hhayi ngoba kunesenzo esingasenza kepha ngenxa yokuthi ngokholo kuphela kulokhu uKristu asenzele kona, lokhu ngumongo wesisho “ukulunga ngokukholwa.” Kepha, akukona ukuthi ukholo lwethu lusenza silunge; kunalokho, ukholo kungalo sikwazi ukuzuza isipho sokulunga. Lokhu, eqinisweni, ngobuhle, nemfihlo, kanye nenkazimulo yobuKristu. Konke esikukholwayo njengamaKristu, njengabalandeli bakaKrsitu, kuthola isisekelo esibalulekile kulomqondo omangalisayo. Ngokholo, sibalwa njengabalungile phambi kukaNkulunkulu. Konke okunye okulandelayo; ukulalela, ukungcwaliswa, ubungcwele, ukuthuthuka kwesimilo, uthando, kusuka kuleliqiniso elibucayi.

Simphelela kanjani othile ofuna ukuba ngumKristu kepha ethi, “Kodwa angizwa ngilungile” na?

Ukuncika Ezithembisweni

Kunendaba emayelana no-Cardinal Bellarmine odumile, umkhulumeli wamaKatolika omkhulu owayelwa nombiko wokulungiswa ngokholo ngokulunga okubalelwe kuphela. Elele efa, walethelwa iziphambano kanye nezimfaneleko zabangcwele ukusiza abe nesiqiniseko ngaphambi kokufa. Kodwa u-Bellarmino wathi, “Kususeni. Ngicabanga ukuthi kuphaphile ukuthembela ekufanelekeni kukaKristu.” Kubantu abaningi lapho besondela ekupheleni kwezimpilo zabo, babuka emuva futhi babona ubuze bezenzo zabo kanye nemisebenzi yabo yokuzuzisa usindiso kuNkulunkulu ongcwele, futhi ngalokho babona indlela abadinga ngayo ukulunga kukaKristu. Kepha izindaba ezilungileyo ngezokuthi akudingekile ukuba silinde ukuza kokufa ukuba sibe nokuphepha kuJehovah manje. Sonke isivumelwano simi Ezithembisweni eziqinisekile zikaNkulunkulu manje, izithembiso zethu manje, izithembiso ezingenza impilo yethu ibengcono manje.

Buka izindimana ezilandelayo bese uphendula Imibuzo ebuziwe kwinqikithi yokuthuthukisa, yokugcina, kanye nokuqinisa Ubudlelwane besivumelwano sakho noNkulunkulu:

Hub. 34:8 (Ungabunambitha kanjani ubuhle bukaNkulunkulu na?)

Matt. 11:30 (Yini emayelana nalokho uKristu asenzele kona eyenza lelijoka libelula na?)

Rom 5:1 (Ukubonelelwa kunento yokwenza nani nokuthula na?)

Phil. 2:7, 8 (Yini oyizuzile kumava kaKristu na?)

Ngokukhuleka hlola impilo yakho bese uzibuza, Yiziphi izinto engizenzayo eziqinisa Ubudlelwane bami noNkulunkulu, futhi Yiziphi izinto ezibulimazayo na? Yiziphi izinguquko okudingeka ngizenzile na?

Umcabango Obanzi:

“Okuyiyona ndlela kuphela yena [isoni] angazuza ngayo ukulunga kungokukholwa. Ngokholo angaletha kuNkulunkulu ukufaneleka kukaKristu, futhi uJehovah abeke ukulalela kweNdodana Yakhe esikweletini sesoni. Ukulunga kukaKristu kwamukelwa esikhundleni sokwehluleka komuntu, futhi uNkulunkulu amukele, axolele, abonelele, oguqukayo, ekholwa, amphathe njengolunguleyo, futhi amthande njengalokhu ethanda iNdodana Yakhe. Kungalendela ukhoho olubalwa njengokulunga.”—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 1, p. 367. “Uma ngokuphenduka nangokholo samukela uKristu njengoMsindisi wethu, uJehovah uthethelela izono zethu, futhi adlulise isigwebo esinqunyelwe ukweqa umthetho. Isoni sima phambi kukaNkulunkulu njengomuntu obonelelwe; singene othandweni lwezulu kuthi ngoMoya sibe nobudlelwane noBaba kanye ngeNdodana. “Kukhona omunye umsebenzi okumele ufeziwe, futhi wona ungoqhubekayo. Umphefumulo kumele ungcaliswe ngeqiniso. Futhi lokhu kwenzeka ngokholo. Ngokuba kungomusa kuphela kaKristu, owamukelwa ngokholo, lapho isimilo sikwazi ukuguqulwa.”—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 3, p. 191.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yimuphi umehluko phakathi kokholo oluphilayo nolufileyo na? (Jakobe 2:17, 18). UPawule uluchaza kanjani ukholo oluphilayo na? (Rom. 16:26). Yiliphi igama elibalulekile elisiza ekwembuleni okuqokethwe wukholo na?
2. Uphendula ngaliphi kwinkulomo (ebukeka iphusile) ethi uma sisindiswa kuphela ngokulunga okubalelwa kithi, hhayi ukulunga okukithi, ngalokho akusho lutho ukuthi senza kanjani na?
3. “Ukwamukeleka kwethu kuNkulunkulu kuqinisekile kuphela ngeNdodana Yakhe ethandiweyo, futhi imisebenzi elungile iba ngumphumela wokusebenza kothando Lwakhe oluthethelela izono. Ayibalelwa kithina, futhi akukho esinikezwa kona ngemisebenzi yethu emihle esingabanga ngako ingxenye yosindiso lwemphefumulo yethu. . . . Yena [ikholwa] akakwazi ukwethula imisebenzi yakhe njengenkokhelo yosindiso lwakhe.”—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 3, p. 199. Ukhumbula lenkulomo ka-Ellen G. White, kungani, pho, imisebenzi emihle iyingxenye ebucayi yamava obuKristu na?

Isiqoqo: Isivumelwano Esidala, Isivumelwano Esisha: uJesu wakhokha inhlawulo eyafunwa ngumthetho, ukuze thina sime njengabalungile phambi kukaNkulunkulu.